SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**INDLELA YOKUMAKA:**

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.

2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.

3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.

4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/ UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo eyenza athole amamaki.

5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.

6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.

7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendulweni yakhe.

8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
   A. UKhethi/A (okuwuhlamvu oluphelele)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

1.1 Injobo ithungelwa ebandla/ Bahlanganise amakhanda.✓ (1)

1.2 Izizathu ezenza abantu bafune ukuxoxisana wukuthi :
- Basuke bezama ukwakha ubungani, ✓
- Befuna ukudodisana,✓
- Ukuxazulula izinkinga. ✓

(Okubili Kwalokhu) (2)

1.3
- Abazali bangaxoxisana nezingane zabo ngaphandle kokuqophisana ukuze bazokhuthaza ukuxoxisana okukhululekile. ✓
- Bangabuza imibuzo evulelekile ekhuthaza ingxoxo kunokuqophisana. ✓
- Abazali abayeke ukwenzelela uma kunengxabano phakathi kwezelamani/kwezingane zabo.✓ (3)

1.4 Izingane ezingaxoxisani nontanga zigcina seziphethwe yingcindezi nokhwantalala okudalwa ngukuvalelwa kwezinkinga ngaphakathi. Ziba nesandla esilula, zisebenzise udlame kwezinye izingane, ziba ukudla kwejele/ zigcina sezingena ebugebengwini.✓✓ ✓ (3)

1.5 C/Abantu abathulayo.✓ (1)

1.6 Ngicabanga ukuthi kungaba nomphumela omubi. Kungaba khona ukuhlukana phakathi kwemindeni. Kube nalabo abakhishwa inyumbazane bangathandeki, kudaleke ubutha nenzondo.✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

1.7 Inhloso yombhali ukusixwayisa/ ukweluleka /ukubonisa ukusiqwashisa ngobungozi bokungaxoxisani kwabantu. Yingakho ekhuthaza ukuthi abantu mabakhulume/ mabaxoxisane ngezinto ezahlukahlukene ezibathintayo empilweni ukugwema izinkinga.✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

1.8 Esigabeni sesi-4 imiphakathi ibuka izinto ngeso lokwakha kwesinye isikhathi kube iso lokubhidliza.✓ Kudala yayilungisa izinkinga ihlale phansi ukuze ixoxisane kulandelwe imigudu efanele✓ kanti manje isicekela phansi izingqalasizinda uma inezinkinga.✓ (3)

1.9 Ngiyavumelana ngoba ukuxoxisana yilona khambi elidala ukuthula. Uma abantu bexolelene kuba nokuthula nokuzwana emndenini kube nenqubekela phambili ngoba baba khona abazithobayo.✓✓ ✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (3)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

1.10 Umbhali usiphethe kahle lesi siqephu ngoba ukwazile ukunikeza izisombululo zokugwema izigxabano abantu abangazilandela ngokubaluleka kokuxoxisana. Uze abalule nokungenziwa yizona zonke izinhlaka zikahulumeni.✓✓✓ (3)

**UMBHALO B (Obukwayo)**

1.11 Isithombe sokuqala siyahambelana ngoba uma kunezinkinga kuyaxoxiswana zixazululeke kangcono uma abantu behlangana, belalelana kungabi nodlame njengoba kwenzeka esithombeni.✓ (1)

1.12 Umuzwa wokukhathazeka/wokuxakeka/ wokudangala/ wokudideka okubonakala ngokuswaca ebusweni nokubamba ikhanda.✓
Lokhu kungabangwa yizinkinga ezinkulu abhekene nazo ezingaholela ekutheni abe nengcindezi.✓ (2)

1.13 Okwenzeka kule mibhalo yomibili kuyafana ngoba esithombeni sesi-3 esikuMBHALO B obukwayo kunabafundi abathathu, ababili bayalwa baze baginqane phansi emgwaqeni ✓✓ lokhu kufakazelwa ngokushiwo esigabeni sesi-3 esikuMBHALO A ofundwayo lapho kukhulunywa ngezingane ezilwayo, ezigcina zingabi nekusasa eliqhakazile.✓✓ (4)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

## UMBHALO C

| Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu owabeke ngamagama akho | |
|---|---|---|---|
| 1 | Qala ngokubeka imfundo phambili kunazo zonke izinto ngoba iyisisekelo sempumelelo. | 1 | Ungaqala ngokuya esikoleni kuqala ngoba kuyisisekelo sempilo eyinqubekela phambili. |
| 2 | Khetha abangani abanentshisekelo yemfundo abangeke bakuholele ophathe kodwa abanezinhloso ezifana nezakho. | 2 | Kuhle ukuqoka abangani abaphokophelela ukufunda abangalahlekisani, abanezifiso ezifana nezakho. |
| 3 | Lalela izeluleko eziphusile ozinikwa ngabantu abadala okungabalwa kubo abazali, othisha nabantu abasha asebephumelele. | 3 | Ungalalela iziyalo ezinomqondo ozinikwa ngabantu asebekhulile okungaba abazali, abafundisi nontanga asebephumelele. |
| 4 | Kufanele ugweme zonke izinto ezenziwa ngabadala ngoba ingqondo nomzimba usuke ungakakulungeli ukumelana nazo. | 4 | Kulindeleke ukuthi ungazenzi izinto ezenziwa ngabantu asebekhulile ngoba uzobe ungakakwazi ukubhekana nazo. |
| 5 | Qoka imisebenzi ongathanda ukuyifundela, kuhambisane nezifundo othola kuzo imiphumela emihle. | 5 | Khetha eminye imisebenzi ongayifundela enezifundo ezingaba lula nongaziqonda kangcono. |
| 6 | Yeka-ke ukukhetha izifundo ududana nabangani ngoba kusengenzeka ukuthi aniphiwanga ngokufana engqondweni. | 6 | Ungaziqoki izifundo uphika nabangani ngoba kungenzeka ukuthi imiqondo yenu ayilingani. |
| 7 | Thatha isinqumo, ukhulume nabazali ushintshe isikole uyofunda lapho kufundelwa khona imisebenzi yamakhono. | 7 | Okunye, ukuxoxisana nabazali mayelana nokuyofunda esikoleni esifundisa amakhono. |

Ungaqala ngokuya esikoleni kuqala ngoba kuyisisekelo sempilo eyinqubekela phambili. Kuhle ukuqoka abangani abaphokophelela ukufunda abangalahlekisani, abanezifiso ezifana nezakho. Ungalalela iziyalo ezinomqondo ozinikwa ngabantu asebekhulile okungaba abazali, abafundisi nontanga asebephumelele. Kulindeleke ukuthi ungazenzi izinto ezenziwa ngabantu asebekhulile ngoba uzobe ungakakwazi ukubhekana nazo. Khetha eminye imisebenzi ongayifundela enezifundo ezingaba lula nongaziqonda kangcono. Ungaziqoki izifundo uphika nabangani ngoba kungenzeka ukuthi imiqondo yenu ayilingani. Okunye, ukuxoxisana nabazali mayelana nokuyofunda esikoleni esifundisa amakhono.

[Inani lamagama=68]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**ANNEXURE A**

**Indlela yokumaka ukufingqa**

Ukumaka lo mbuzo wokufingqa kweyeme ekusebenziseni amaphuzu anembayo nahambisana nomyalelo.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - Amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - Amamaki ama-3 awolimi.
  - Amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo engacaphunanga njengoba kunjalo.**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimi.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimi.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimi.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi uma ohlolwayo ecaphune njengoba kunjalo:**
  - 6–7 acashuniwe, awekho amamaki olimi.
  - 4-5 acashuniwe, nikeza imaki eli-1 lolimi.
  - 2–3 acashuniwe, nikeza amamaki ama-2 olimi.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (70), kumele kufundwe kuqedelwe lowo musho kuze kube sekugcineni. Imisho elandelayo ayibe isabhekwa yalawo magama eqe ngawo.

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za



This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

**ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**INDLELA YOKUMAKA:**

- Isipelingi:
  - Impendulo eyigama elilodwa mayinikezwe iphuzu noma ngabe isipelingi sinamaphutha, ngaphandle uma lelo phutha liguqula umqondo wempendulo.
  - Uma impendulo idinga umusho ophelele, umfundi akanikwa imaki uma impendulo yakhe inamaphutha ezakhiweni zolimi okubuzwe ngalo.
  - Lapho kubuzwe khona isifinyezo, impendulo mayibe nezimpawu zokuloba ezifanelekile.

    Isb.: Umnumzane – Mnu.
- Izakhiwo zemisho mazibhalwe ngokufanelekile kulandelwa uhlelo nezakhiwo zolimi futhi zibhalwe zibe imisho ephelele/ ngokomyalelo onikeziwe.
- Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ewuhlamvu noma ephelele kanje:

  C/Imizuzwana engama-60 (okuwuhlamvu oluphelele)

SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

| | | |
|---|---|---|
| 3.1 | Umkhangisi uphindaphinde ilogo ngenhloso yokugcizelela uhlobo lomkhiqizo oyi-BMW ekhangiswayo. ✓✓ | (2) |
| 3.2 | Imalimbuyiselo isetshenziselwe ukuheha abathengi, baphuthume ukuyothenga imoto i-BMW ukuze bathole le malimbuyiselo eyizi-R50000.✓✓ | (2) |
| 3.3 | Lesi sikhangisi sisebenzise ulimi oluchemile ngokobulili, "I-BMW ILUNGELE INTSHA YABESILISA ABATHANDA IJUBANE' okungathi yibona kuphela abathanda lolu hlobo lwemoto ngoba iyagijima.✓✓ | (2) |
| 3.4 | Isifaniso esithi, 'okwenhlamvu' sisetshenziselwe ukuthi siqhathanise isivinini semoto kanye nenhlamvu. Lokhu kwenzelwa abathengi ukuze babone ukuthi le moto isuka ngesivinini/ ngejubane/ ngokushesha okungakanani kuze kuphephuke amaphepha. ✓✓ | (2) |
| 3.5 | Umkhangisi usebenzise kahle isiqubulo esithi, 'Konke kuyaguquka ngaphandle kwezinga le-BMW' ukukhombisa ukuthi iningi labantu lazi ukuthi i-BMW ayidlulelwa isikhathi, ayishintshi, ithembekile, iseqophelweni eliphezulu nezinga layo alehli. ✓✓ | |
| | (Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) | (2) |
| | | **[10]** |

## UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA
## UMBUZO 4: UKUHLAZIYA IKHATHUNI

| | | |
|---|---|---|
| 4.1 | Umlingiswa uthi, umangazwa wukuthi kazi kungani bebingelelana bodwa yena engabingelelwa. ✓✓ | (2) |
| 4.2 | UZulu osefreyimini yesi-2 uveza umuzwa wokucasuka / wokukhononda / wokumangala / wokudumala / wokujabha / wokukhathazeka / wokuxakeka mayelana nesenzo sikaMjeyijeyi. Efreyimini yesi-3 kuvela umuzwa wokujabula uma uMjomane ecabanga ngokuthi uyalunga uZulu ngokwenzeke kuye kokuthi angabingelelwa njengoba naye ehlala engavumi uma ebingelelwa. ✓✓ | (2) |
| 4.3 | Isakhi esidwetshelwe sisetshenziselwe ukukhombisa ukuphika/ ukulandula.✓ | (1) |
| 4.4 | Buyephi ubuntu ngoba ubingelela/ wena wedwa. / Buyephi ubuntu njengoba ebingelela wena wedwa. ✓ | (1) |


SA EXAM PAPERS
Proudly South African

SA EXAM PAPERS | This past paper was downloaded from saexampapers.co.za


This Paper was downloaded from SAEXAMPAPERS

4.5 Isimo somzimba/inkulumomzimba etholakala kuwo womabili la mafreyimu ayifani (ubuso). Efreyimini yesi-2 uMjomane ukhombisa ukwethuka njengoba ebheka uZulu ngqo emehlweni kanti efreyimini yesi-4 useyamshalazela. / Isimo somzimba/inkulumomzimba etholakala kuwo womabili la mafreyimu iyefana (indlela ahleli ngayo). UMjomane uhleli ukhululekile noma unethezekile uze ubeke unyawo phezu kolunye kuwo womabili amafreyimu. ✓✓ (2)

4.6 Umbhali uwudlulise kahle umyalezo wokufundisa ngobuntu. Njengoba uZulu engavumi uma ebingelelwa kepha usezwa ubuhlungu uma engasabingelelwa. Lokhu kuwumyalezo wokuthi ungakwenzi okubi kubantu ngoba akuzukukuphatha kahle uma sekwenziwa kuwe.✓✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)
**[10]**

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

5.1 Umntwana wendlovukazi yesizwe uzokhehlwa kusasa. ✓

(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (1)

5.2 Umdlali webhola igama lakhe laliduma/ laligqama/ lalivelela/ lalaziwa uma eshaya amagoli amaningi.✓

(Neminye imisho enembayo iyokwamukelwa) (1)

5.3 Leli gama lisetshenziselwe ukuveza indawo lapho kubhalwa khona amagama omuntu.✓ (1)

5.4 C/ukuphumelela.✓ (1)

5.5 Uyazakhela ngezenzo zakho ukuba negama elihle. / Uyazakhela ukuba negama elihle ngezenzo zakho.✓ (1)

5.6 Umbhali uyihlele ngendlela yokuchaza indlela igama (inkondlo) lomntwana ayeqanjwa ngalo engakazalwa.✓ (1)

5.7 Lesi simo sokukhuluma sisetshenziselwe ukuveza ukubaluleka kwegama oqanjwe lona nokuthi alisetshenziswa noma ikanjani, liyanakekelwa.✓✓ (2)

5.8 Uma usafuna sizwane, musa ukubiza lelo gama phambi kwethu.✓✓ (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

SA EXAM PAPERS
Proudly South African